

# NAL'IBALI

## Obaba benza umehluko!

Ucwango luye lwabonisa ngokungashintshi ukuthi izingane zizuka kakhulu lapho obaba (noma labo abafeza indima kababa) bebandakanyeka ngokugcwele ekuphileni kwezingane zabo nsuku zonke. Zivame ukwenza kangcono esikoleni, ziyajabula kakhudlwana, zikwazi ukwakha ubudlelwane obuhle nabanye futhi ziba nezenzo ezimbi zokuziphatha ezimbalwa. Indlela ebalulekile nengokwemvelo yokuba obaba bakhe ubunye nezingane zabo ngokuzitshela noma ukuzifundela izindaba nokubonisa ukuthi bayayithanda imidlalo yazo, imidwebo nezinto ezizibhalayo.

## Dads make the difference!

Research has consistently shown that children benefit greatly when fathers (or father figures) are actively involved with their children every day. They tend to do better at school, are happier, can build positive relationships with others and have fewer negative behaviours. An important and natural way for fathers to bond with their children is to tell or read them stories and to show interest in their play, drawing and writing activities.

## Kuthiwani ngobaba abangakuthandi ukufunda?


Obaba abangakuthandi ukufunda basengaba nomthelela ekuthuthukiseni ukufunda nokubhala ekhaya. Ukwazi nje ukuthi uyakukhathalela ukufunda nokubhala kuzokuthaza izingane zakho ukuba zizijwayeze futhi zikhulise amakhono azo okufunda nokubhala. Kanjani?

- ◆ Xoxa izindaba zangesikhathi usemusha.
- ◆ Yisho imilolozelo yasenkulisa noma ucule iziqubulo.
- ◆ Buza izingane zakho ukuthi lube njani usuku lwazo. Lapho izingane zixoxa nabantu abadala, zifunda amagama amasha nokuthi lusebenza kanjani ulimi.
- ◆ Chaza lokho okwenzayo lapho wenza imisebenzi yasendlini nengane yakho njengokugeza imoto.
- ◆ Funda imibhalo eseduze nawe, njengezimpawu zomgwaqo, amagama emikhizayo oyithengayo, nokunye.

## What about dads who aren't comfortable reading?

Dads who don't feel comfortable reading can still contribute to improving literacy in the home. Knowing that you care about literacy will encourage your children to practice and grow their reading and writing skills. How can you do that?

- ◆ Tell stories about when you were young.
- ◆ Recite nursery rhymes or sing simple tunes.
- ◆ Ask your children about their day. When children have conversations with adults, they learn new words and how language works.
- ◆ Explain what you are doing when doing chores with your child, like washing the car.
- ◆ Read the print around you, like road signs, the names of products you buy, and so on.



## Kuthiwani ngokubhala?

Ukubhala kuba nenjongo nakakhulu ezinganeni lapho zibhala ngenxa yokuthi zona ziyafuna kunalapho kungenxa yokuthi umuntu omdala ezitshela ukuthi zibhale ngani.

**Ukudweba.** Ukwenza imidwebo ufake nemibala kwenza izingane ziveze imibono yazo nemizwa yazo. Khuluma ngezithombe zazo futhi uzibuze ukuthi yini ezingathanda ukuba uyibhale ngezithombe zazo. Ukubhala ngaphansi kwesithombe kuzisiza ukuba ziqonde ukuthi ulimi olubhalwe phansi lusho okuthile.

**Ukubhala okulula.** Lapho izingane ziqala ukubhala, ngokuvamile zibhala nje amakoroshe ekhasini. Zibe sezidulela ekusebenziseni izimpawu ezibukeka njengezinhlamvu zamagama. Ngokulandelayo, zisebenzisa izinhlamvu zamagama zangempela (nakuba ngezinye izikhathi zingase ziqalwe ngasekugcineni bese ziya phambili). Lezi zinyathelo zokuqala zibonisa ukuthi izingane ziyawuqaphela umehluko ophakathi kokudweba nokubhala.

**Ukubhala ngendlela evamile.** Kamuva, izingane ziqala ukusebenzisa ukubhala ngendlela evamile. Zivame ukukhetha izinhlamvu zamagama ezicabanga ukuthi zihambelana nemisindo esemagameni ezizama ukuwabhala. Ngokuhamba kwesikhathi, zisebenzisa izipelingi nezimpawu zenkulumo ezivamile ngokwengeziwe.

## What about writing?

Writing becomes more meaningful to children when they write because *they* want to rather than because an adult told them what to write about.

**Drawing.** Drawing and painting allow young children to express their ideas and feelings. Talk about their pictures and ask what they would like you to write about their pictures. Writing underneath the picture helps them to understand that written language has meaning.

**Early writing.** When children start to write, they usually scribble on a page. They then move on to using symbols that look like letters. Next, they use real letters (even though they may be back to front sometimes). These first steps show that children are aware of a difference between drawing and writing.

**Conventional writing.** Later, children start using conventional writing. They usually choose letters that they think match the sounds in words they are trying to write. Over time, they use conventional spelling and punctuation more and more.



Drive your imagination



IT STARTS WITH A STORY.  
KUQALA NGENDABA EXOXWAYO.

# Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale 2024!



# World Read Aloud Day 2024!



## Sikwenzile - ndawonye!

Unyaka ngamunye ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, iNal'ibali ihola ushintsho kwezokufunda nokubhala eNingizimu Afrika ngokukhuthaza abantu abadala ukuba bafunde nezingane zabo. Siye safinyelela imindeni, abanakekeli, izinhlangano zomphakathi nezokufunda ukuba kukhunjuzwe bonke abantu baseNingizimu Afrika ngezinzuzo zokufundela izingane ngokuzwakalayo. Kulo nyaka nisisizile ukuba sisabalalise ukuba nothando ngezindaba nokufunda ezinganeni ezingaphezu kwezigidi ezingu-3,8. Yeka impumelelo!



## We did it - together!

Each year on World Read Aloud Day, Nal'ibali leads literacy change in South Africa by motivating adults to read with their children. We have reached out to families, caregivers, community organisations and learning institutions to remind everyone in South Africa about the benefits of reading aloud to children. This year you helped us spread the love of stories and reading to more than 3,8 million children. What a success!

Izingane eziyizigidi ezingu-3,8 zafundelwa ngosuku olulodwa! Siyabonga ngokusekela kwenu ngalolu Suku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale 2024!

3,8 million children were read to in one day! Thank you for your support on World Read Aloud Day 2024!



## Ukufunda nokubhala kuqala ekhaya - ngolimi lwasekhaya

Lapho kulungiselelwa uSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ngomhla ka-7 kuNhlolanja 2024, sakhizisa indaba ekhethekile ethi, *Ikali elincane elilahlekile*, ebhalwe nguStacey Fru futhi yafakwa imidwebo nguRico. Yayinezintandokazi zabalingiswa beNal'ibali, oNeo, uBella noNoodle.



## Literacy starts at home - in the home language

In preparation for World Read Aloud Day on 7 February 2024, we produced a special story, *The lost kitten*, written by Stacey Fru and illustrated by Rico. It featured the well-loved Nal'ibali characters, Neo, Bella and Noodle.

Ithimba leNal'ibali laKwaZulu-Natal lagubha uSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale 2024 eMolweni nakwaNgcolosi.

The Nal'ibali KwaZulu-Natal team celebrated World Read Aloud Day 2024 in Molweni and kwaNgcolosi.

### Izingane ezifinyelelwe ngokwesifunda Children reached per province

Isifunda / Province	Izingane ezifinyelelwe / Children reached
Mpumalanga Kapa / Eastern Cape	174 513
Free State / Free State	165 858
Gauteng / Gauteng	671 789
KwaZulu-Natal / KwaZulu-Natal	1 094 517
Limpopo / Limpopo	671 598
Mpumalanga / Mpumalanga	583 128
North West / North West	267 856
Northern Cape / Northern Cape	38 608
Ntshonalanga Kapa / Western Cape	221 899
<b>ISAMBA / TOTAL</b>	<b>3 889 766</b>

Ithimba leNal'ibali laseMpumalanga Kapa lagubha i-#WRAD2024 likanye nabafundi abavela ema-primary school eButterworth eMnyangweni Wemfundo Eyisisekela, emahhovisi aseMathole East District.

The Nal'ibali Eastern Cape team celebrated #WRAD2024 with learners from various primary schools in Butterworth at the Department of Basic Education, Amathole East District offices.



Drive your imagination



Le ndaba yenziwa yatholakala ngezilimi eziyi-11 ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika kanye nangolimi Lwezandla LwaseNingizimu Afrika, ngenxa yokusebenzisana ne-SLED (Sign Language Education and Development).

Kuzwelonke – kwahlelwa izikhathi zokufunda kuzwakale – ezinkulu nezincane. Ezinye izikhathi zomphakathi zaziholwa yiNal'ibali, kanti ezinye zazihlelwe ngamalungu omphakathi, izikole, amalayibhrari, izinhlangano zokufunda nokubhala kanye nezinye izinhlangano ezingenzi inzuzo.

Labo esibambisene nabo abasiza ukuqinisekisa ukuthi kuba nezingane ezengeziwe ezifundelwayo kunanini ngaphambili, babehlanganisa noMnyango Wemfundo Eyisisekelo, uMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi, Volkswagen South Africa, iDolobha laseKapa, iStandard Bank South Africa kanye namalayibhrari kulo lonke izwe.

Isikhathi ngasinye sokufunda kuzwakale, kungakhathaliseki ukuthi kuba nengane eyodwa noma izingane eziyinkulungwane, siyasiza ukuqala isikompilo lokufunda eNingizimu Afrika.

Ithimba leYizani Sifunde lagubha i-#NalibaliWRAD2024 nabafundi, abazali, kanye nothisha abavela ema-pre-school amane nasema-primary school amathathu eDr Rubusana College, eMdantsane

The Yizani Sifunde team celebrated #NalibaliWRAD2024 with learners, parents, and teachers from four pre-schools and three primary schools at the Dr Rubusana College, Mdantsane.



INal'ibali yagubha uSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ikanye neDolobha laseKapa nabafundi abangama-200 abavela ema-primary school ahluahlukene eNtshonalanga Kapa.

Nal'ibali celebrated World Read Aloud Day with the City of Cape Town and 200 learners from various primary schools in the Western Cape.



INal'ibali-Lesedi Project muva nje igubha uSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale 2024 kanye ne-International Book Giving Day ikanye nabafundi abavela ePostmasburg eBoichoko Library.

The Nal'ibali-Lesedi Project recently celebrated World Read Aloud Day 2024 and International Book Giving Day with learners from Postmasburg at Boichoko Library.

The story was made available in the 11 official South African written languages as well as in South African Sign Language, thanks to a partnership with SLED (Sign Language Education and Development).

Read-aloud sessions – big and small – were planned nationally.

Some community sessions were led by Nal'ibali, and others were organised by members of the public, schools, libraries, fellow literacy organisations and other nonprofit organisations.

Partners who lent a hand to ensure that more children than ever before were read to included the Department of Basic Education, the Department of Social Development, Volkswagen South Africa, the City of Cape Town, Standard Bank South Africa and libraries throughout the country.

Every read-aloud session, whether it is with one child or a thousand children, helps to kick-start a culture of reading in South Africa.

I-Otto Foundation South Africa igubha i-#worldreadaloudday2024 ngokwabelana nabanye ngendaba ekhethekile ye-#nalibaliwrad2024 ethi *Ikati elincane elilahlekile*.

Otto Foundation South Africa celebrating #worldreadaloudday2024 by sharing the #nalibaliwrad2024 special story, *The lost kitten*.

Izingosi zokuxhumana zeNal'ibali zenza ukuba umkhankaso wethu wokufunda nokubhala usheshe!



Izingane zithande ukuhagwa nguNeo!

The children loved hugs from Neo!

875 000 abantu abafinyelelwe ngengosi yezokuxhumana  
875 000 people reached via social media

4,5% isilinganiso sabantu abaye bahlanganyela ngengosi yezokuxhumana (kuvame ukuba ngu-1,5%)

4,5% social media engagement rate (benchmark is 1,5%)

34 650 abantu abavakashele ikhasi lethu besuka kwabangu-15 892 ekhasini le-WRAD le-Intanethi

34 650 page visits from 15 892 visitors on the WRAD web page

24 300 izindaba ze-WRAD ezidawunilodwe ezingosini zewebhusayithi neWhatsApp

24 300 WRAD story downloads via the website and WhatsApp platform



Nal'ibali social media platforms accelerate our literacy campaign!



Kumele kube nekhekhe kuyo yonke imicimbi!

Every celebration deserves cake!



Drive your imagination



Madoda Ndlakuse  
Umxhumnisi WeNal'ibali-VW  
Literacy Project

Madoda Ndlakuse  
Nal'ibali-VW Literacy  
Project Coordinator

## Ukwethulwa Kwencwadi Ethi *lingqondi zeQhagqiwa*

INal'ibali-VW Literacy project yaba nokwethulwa kwencwadi okwaphumelela kakhulu njengoba izingane ezazivela ezikoleni

eziyi-7 ezixhaswe yiVW zazihlangene eKhazimla Story Festival ukuze zigubhe ukwethulwa kwencwadi ethi *lingqondi zeQhagqiwa* (okusho ukuthi *izinjulabuchapho zaseQhagqiwa*). Leli yiqoqo lezindaba, izincwadi, izinkondlo nemifanekiso

elenziwe yizingane ezivela eMelumzi, Hombakazi Combined, Phakamile, Mthonjeni, Sikhothina, Alex Jayiya naseStephen Nkomo Primary Schools. Isasasa lezingane, abazali bazo nothisha bazo lalibonakala ngokusobala eVW PeoplePavilion eyayigcwele phama eGqeberha ngomhla ka-14 kuMandulo ngonyaka odlule.

Uhlelo lwaqala ngezixoxo zephaneli ezazenziwa yizishoshu zokufunda nokubhala ngokuphathelele nokukhuthaza ukufunda nokubhala kanye nokubaluleka kolimi lwebele. Amanye amaphuzu ayinhloko okwaxoxwa ngawo ayethinta ukubaluleka kwezinhlelo zokufunda nokubhala, ukugcina izingane zimatasa ngemfundo kanye nokuzifakela inselele yokufunda ngazo zonke izikhathi. Izinzuzo zokufunda kusukela ebuntwaneni zachazwa njengokuzibekelela okuzosiza abafundi ukuba baphumelele kwezemfundo futhi bakhe ikusasa labo, futhi bashiyele izizukulwane ezizayo isibonelo sokufunda.

“Ubunye engibakhile nabafundi buyanelisa kakhulu. Lobo bunye benza kube lula ukuxhumana nabafundi futhi ngalokho ngibe nethonya kubo” - *Sinethemba Mama (Nal'ibali Yes Intern)*

The bond I have created with the learners is so fulfilling. This bond makes it easy to communicate with the learners and therefore to have an impact on them.” - *Sinethemba Mama (Nal'ibali YES Intern)*



Kusukela kwesobunxele ukuya kwesokudla: Sinazo Busakwe, Masixole Simakuhle, Sinethemba Mama noYasser Wyngaard

From left to right: Sinazo Busakwe, Masixole Simakuhle, Sinethemba Mama and Yasser Wyngaard

“Ngibheka intuthuko yamakhono okufunda abafundi njengampumelelo enkulu kakhulu. Ukubona umfundi ekwazi ukuqaphela umsindo ayengakwazi ukuwuqaphela ngesonto eledlule kuyangikhuthaza ukuba ngiqhubeke nomsebenzi engiwezayo” - *Sinazo Busakwe (VW Legacy Literacy Ambassador)*

recognise a week ago motivates me to keep on doing the work that I do.” - *Sinazo Busakwe (VW Legacy Literacy Ambassador)*

## *lingqondi zeQhagqiwa* Book Launch

The Nal'ibali-VW Literacy Project enjoyed a highly successful book launch as children from seven VW-

sponsored schools gathered at the Khazimla Story Festival to celebrate the launch of *lingqondi zeQhagqiwa* (which means *Critical thinkers of Qhagqiwa*). This is a collection of stories, letters, poems and illustrations by children from Melumzi, Hombakazi Combined, Phakamile, Mthonjeni, Sikhothina, Alex Jayiya and Stephen Nkomo Primary Schools. The enthusiasm of the children, their parents and their teachers was clearly visible at the jam-packed VW PeoplePavilion in Gqeberha on 14 September last year.

The programme started with panel discussions by literacy activists on literacy activism and the importance of mother language. Some of the key points discussed were the importance of literacy programmes, keeping learners involved with education and challenging them to read regularly. The benefits of reading from a young age were described as an investment that would help learners succeed academically and build their futures, as well as leave a legacy of reading for generations to come.




“I consider the improvement of the learners' reading skills as the greatest achievement. Seeing a learner being able to recognise a sound they didn't

(Continued on page 13)  
(Continued on page 13)

### Yandisa ilayibrari yakho.

Zenzele ezakho izincwadi **EZIMBILI** ozosisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi- **5** ukuya kwele- **12** alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi **5**, **6**, **11** kanye nele- **12** lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi **7**, **8**, **9** kanye nele- **10** lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



### Grow your own library. Create **TWO** cut-out-and-keep books

1. Take out pages **5** to **12** of this supplement.
2. The sheet with pages **5**, **6**, **11** and **12** on it makes up one book. The sheet with pages **7**, **8**, **9** and **10** on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



Drive your  
innovation



“Ungami bo!” kumemeza uJoel, njengoba amanye amaqembu edlula ngejubane.

“Don’t stop!” shouted Joel as the other teams raced past.

What point is there in trying when you can’t win a race? Wendy and Joel will have to finish the race to find out.

This story was specially created for Nal’ibali to spark children’s potential through storytelling and reading for enjoyment.



Sikuphi isidingo sokuzama uma vele ungeke uwunqobe umjaho? UWendy noJoel kuzomele bawuqede umjaho ukuze bathole impendulo yalokhu.

Le ndaba yenzelwa iNal’ibali ngokukhethekile ukuze kuvele amakhono ezingane ngokusebenzisa ukuxoxa nokufundela ukuzijabulisa.

### Get story active!

- ★ Draw a picture of yourself and a friend or family member playing with a *waentjie*. Would you push the *waentjie* or sit in it?
- ★ Make a list of the things you would need to build a *waentjie*. Tell someone how you would build it.
- ★ Draw a starting line and a finish line on the ground. Hold hands with one other person and run from start to finish. Next, hop from start to finish while holding hands.

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Dweba isithombe sakho nomngane wakho noma nelungu lomndeni nidlala ngenqola encane. Ingabe ungayiphusha inqola encane noma ungalhlala kuyo?
- ★ Bhala uhlu lwezinto ongazidinga ukuze wakhe inqola encane. Tshela omunye umuntu indlela ongayakha ngayo.
- ★ Dweba umugqa okusukelwa kuwo nomugqa okugcinwa kuwo phansi. Bambanani izandla nalona omunye umuntu bese niyagijima kusukela ekuqaleni ukuya ekugcineni. Ngokulandelayo, gxumani kusukela ekuqaleni ukuya ekugcineni kuyilapho nibambene izandla.

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



UNal’ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinza isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Drive your  
imagination



“Awu bakithi!” kumemeza uWendy, njengoba elingelamasondo liphuma!

“Oh no!” shouted Wendy as one of the wheels popped off!

## Wendy and the *waentjie*



## UWendy nenqola encane

Mikayla Joy Brown • Carlos Amato

**Ideas to talk about:** Have you ever been pushed in a *waentjie*? Do you think it is a fun game to play? What do you think this story is about?

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Ingabe wake waphushwa enqoleni encane? Ingabe ucabanga ukuthi ngumdlalo ojabulisayo? Ucabanga ukuthi le ndaba iphathelele nani?



All the neighbourhood children were gathering for the race of the *waentjies*!  
 “Enjoy the race, Wendy,” said her mother. “Have fun.”

Zonke izingane zasendaweni zazibuthanela umjaho wezingola ezincane!  
 “Nibe nomjaho omnandi, Wendy,” kusho unina. “Nibe nesikhathi esimnandi!”




UWendy waphusha inqola ngawo wonke amandla anawo.  
 “Yithina esiphambili!” kumemeza uJoel ngokujabula.



So Wendy and Joel pushed the *waentjie* across the finish line.



Ngakho UWendy noJoel baphusha inqola yadlula emqeneni wokugcina.



Zonke izingxenye zezindonga, izinsika namasilingi kuhlotshe ngemifanekiso eqoshiwe nama-hieroglyphic. Ama-hieroglyphs ayizithombe ezimelela amagama, izihlamvu noma imisindo. Ngisho nanamuhla, kusatholakala izinto ezintsha kule ndawo. NgoNdasa 2023, abavubukuli bathola umfanekiso oqoshiwe okuthiwa ubukeka njengombusi waseRoma uClaudius owabusisa kuleyo ndawo isikhasana.



Every part of the walls, columns and ceilings are decorated with detailed carvings and hieroglyphics. Hieroglyphs are pictures that represent words, syllables or sounds. Even today, new things are being discovered at this site. In March 2023, archaeologists found a sphinx that is said to look like the Roman emperor Claudius who ruled the area for a while.

Imagine discovering a place that was built thousands of years ago! You never know what might be hidden beneath your feet.

This story was specially created for Na'ibali to spark children's potential through storytelling and reading for enjoyment.



Cabanga uthola indawo eyakhiwa ezinkulungwaneni zeminyaka eyadlula! Ngeke wazi ukuthi yini okungenzeka ifihlekile ngaphansi kwezinyawo zakho.

Le ndaba yenzelwa iNa'ibali ngokukhethekile ukuze kuvele amakhono ezingane ngokusebenzisa ukuxoxa nokufundela ukuzijabulisa.

**Get story active!**

- ★ Have you heard about any of these places before? Which place seemed most exciting to you?
- ★ Draw a picture of an interesting place you have visited before. Write a sentence or two about that place.
- ★ Now imagine that you found a hidden place near your home. What would you find there? Write a paragraph about the place you found.

**Yenza indaba ihlabe umxhwele!**

- ★ Ingabe wake wezwa nganoma iyiphi yalezi zindawo ngaphambili? Iyiphi indawo eyabonakala ijabulisa kakhulu kuwe?
- ★ Dweba isithombe sendawo ejabulisayo oke wayivakashela ngaphambili. Bhala umsho owodwa noma emibili ngaleyo ndawo.
- ★ Manje ake uzicabange uthole indawo efihlekile eduze nakini. Yini obungayithola lapho? Bhala isigaba ngendawo oyitholile.

Na'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



UNa'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela ihlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Drive your imagination

## Hidden places



### Izindawo ezifihlekile

*Ilse Badenhorst • Georgia Demertzis*

**Ideas to talk about:** Look at the picture on the cover of this booklet. What do you think this booklet is about? If you could go anywhere in the world, where would you go?

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Bheka isithombe esisesembozweni sale ncwajana. Ingabe ucabanga ukuthi le ncwajana iphathelele nani? Uma ubungase uye nomaphi emhlabeni, ubungayaphi?



On the west bank of the Nile river in Egypt, lies the ancient Dendera Temple complex. The complex is massive and the buildings were built thousands of years ago. However, the main temple, called the Temple of Hathor, has been well preserved and parts of it have been carefully restored.

Osebeni lwasessthonanganja lomfula nlike egibhithhe, kunesakhiwo sakudala seDendera Temple. Lesi sakhiwo sikhulu kakhulu futhi izakhiwo zasozakhiwo ezinkulungwaneni zeminyaka edule.

Nokho, thempele eliyinhloko, elibizwa ngokuthi yiTemple of Hathor, liye lolondolozwa kahle futhi izingxenye ezithile zazo zabuyiselwa ngokucophelela.



In the mountains in Ethiopia, near the town of Lalibela, stand 11 churches that were built more than 800 years ago during the reign of King Lalibela.

What is unusual about these churches is that each one is carved out of a single large block of stone. No bricks, concrete or mortar was used in creating these churches, and each one looks different. One is in the shape of a cross.


Workers first carved the shape of the church in the top of the rock. Then they carved deep trenches around the shape until they were left with a huge block of solid rock. Next, they carved into this block to make rooms, windows, doors, steps and decorations. These churches are three or four storeys high.

## Lalibela churches

## The Terracotta Army

Many ancient places stay hidden underground for thousands of years. One of these is the Terracotta Army in Xi'an, China.

In 1974, farmers were digging a well when they found some very old and very interesting pottery. Soon, archaeologists arrived and started carefully digging up the area. Over many decades they found a whole empire that had been built more than 2 200 years ago. Everything was made of terracotta, which is clay that has been baked in special ovens.



IDerinkuyu inamagumbi amaningi amakhulu, izitebele, izindawo zokugcina utshwala, isonto ngisho nesikole. Kunemihubhe eyayingenisa umoya opholile kanye nomthombo ovikelwe owawuhlinzeka amanzi aqabulayo kubahlali.

Enye yezinto eziphawuleka kakhulu ukuthi kunezingcezu ezinkulu zamatshe ezingagingqelwa ekungeneni kwale mihubhe esitezi ngasinye. Le "minyango" yamatshe ungayivula ngaphakathi kuphela futhi lokhu kwakugcina wonke umuntu ongaphakathi ephephile ezitheni ezingaphandle.

Mhlawumbe ungathanda ukuhambe uvakasha uthole okwengeziwe ngomhlaba wethu omangalisayo!



**Amasonto aseLalibela**

Ezintabeni zaseTopiya, eduze nedolobha laSelalibela, kunamasonto ayi-11 akhwa eminyakeni engaphezu kwama-800 edule phakathi nokubusa kweNkosi uLalibela.

Into engavamile ngala masonto ukuthi ngalinye jawo liqoshe ebhulokweni elilodwa elikhulu letshe. Akukho zitini, ukhonkolo noma udaka okwasetshenziswa ukwakha la masonto, futhi ngalinye libukeka lihlukele. Kunelinye elimi njengesiphambano.

Izisebenzi zaqale zaqopha isimo sesonto phezu edwaleni. Zabe sezqopha imisele ejulile kuleso simo kwaze kwaba yilapho sezisele nebhulokho elikhulu lenguzunga gedwala. Ngokulandelayo, zaqopha kuleli bhulokho zakha amagumbi, amawindi, iminyango, izitebhisini nemihlobiso. La masonto anezitezi ezintathu noma ezine ukuphakama.



**Dendera Temple Complex**

**Isakhwiso**

**sedendera Temple**



Derinkuyu has many big rooms, stables, cellars, storage rooms, a chapel and even a school. Ventilation shafts provided fresh air and a protected well provided fresh water for its residents.


One of the most interesting things is that there are huge stone discs that could be rolled over the opening of the tunnels on each level. These stone “doors” could only be opened from the inside and this kept everyone safe from outside enemies.

Maybe you’d like to be a traveller who discovers more about our amazing world!

## I-Terracotta Army

Izindawo eziningi zasendulo zisalokhu zifihlekile ngaphansi komhlaba izinkulungwane zeminyaka. Enye yazo yi-Terracotta Army eseX’ian, eShayina.

Ngo-1974, abalimi babemba umthombo lapho bethola izimbiza zobumba ezindala kakhulu nezivusa ilukuluku. Ngokushesha, kwafika abavubukuli futhi baqala ukumba leyo ndawo ngokucophelela. Phakathi namashumi eminyaka amaningi bathola umbuso ophelele owawakhiwe eminyakeni engaphezu kwezi-2 200 edule. Yonke into yayakhiwe nge-terracotta, okuwubumba olubhakwe kohhavini abakhethekile.



**Xi’an**

**China / EShayina**



So far, about 2 000 warriors have been uncovered, and there are at least 6 000 that are still buried. The warriors are life-sized and are all different ages. Each one has a different face, hairstyle and uniform. The warriors are now the colour of clay, but they were once painted in beautiful, bright colours.

Kuze kube manje, sekutholwe amasosha angaba yizi-2 000 futhi kukhona okungenani aqizi-6 000 asagqitshwe. La masosha angangomuntu woba futhi aneminyaka jobudala ehlukehlekene. Ngalinge imbuso obuhluke, isitayela sezinwele neyunifomu. La masosha manje asenomdala wobumba, kodwa ake abanemibala emihle, egqamile.



### Derinkuyu underground city

There is an enormous underground city called Derinkuyu that is buried in an area of Turkey known as Cappadocia. According to history, people began building this city thousands of years ago and it grew bigger over time. In ancient times, people lived in this city to stay safe from foreign invaders.

The city has many levels that stretch 85 metres underground. More than 20 000 people and their livestock could live in this underground city for many months.



The empire was built by Qin Shi Haung, who was only 13 years old when he became the first emperor of China. He wanted to live forever, so he immediately started building everything he would need for the afterlife.

He got thousands and thousands of people to build a tomb surrounded by palaces, an army of warriors, chariots to travel in, stables filled with horses and even acrobats and musicians to entertain him.

Lo mbuso wakhiwa nguQin Shi Haung, owayeneminyaka eyi-13 kuphela ubudala lapho eba umbusi wokuqala waseShayina. Wayefuna ukuphila phakade, ngakho ngokushesha waqala ukwakha yonke into ayezoyidingela ukuphila kwakhe kwangemva kokufa.

Wahlela izinkulungwane zabantu ukuba zakhe ithuna elizungezwe yizigodlo, ibutho lamasosha, izinqola zokuhamba, izitebele zamahashi futhi ngisho nabanandisi abashwibeka emoyeni nabaculi bokumjabulisa.

## Idolobha elingaphansi komhlaba laseDerinkuyu

Kunedolobha elikhulu elingaphansi komhlaba okuthiwa yiDerinkuyu eligqibeke endaweni yaseTurkey eyaziwa ngokuthi yiCappadocia. Ngokomlando, abantu baqala ukwakha leli dolobha ezinkulungwaneni zeminyaka ezedlule futhi lakhula laba likhulu ngokuhamba kwesikhathi. Endulo, abantu babehlala kuleli dolobha ukuze baphephe kubahlaseli bakwamanye amazwe.

Leli dolobha linezitezi eziningi ezithatha amamitha angama-85 ngaphansi komhlaba. Lalingahlalisa abantu abangaphezu kwezi-20 000 nemfuyo yabo izinyanga eziningi.






“Nenze kahle!” kusho uMalume uHenry.  
“Niwugedille umjaho.”

“Well done,”  
said Uncle  
Henry. “You  
finished the  
race.”



Wendy pushed the *waentjie* as fast as she could.  
“We’re in front!” shouted Joel excitedly.




“Wendy and Joel, you did not give up!”  
said Uncle Henry.  
“And we had a lot of fun!” they said.

“Wendy no Joel, anizange nidikibale  
endlebeni!” kwasho uMalume uHenry.  
“Nathi siwuthokozele kakhulu!” kusho bona.



“I’ve hurt my foot,” said Joel.  
“I can’t push our *waentjie*.”  
“You sit in the *waentjie*,  
Joel. I will push!”  
said Wendy.

“Ngilimele onyaweni,” kusho uJoel. “Ngeke  
ngikwazi ukududula inqola yethu.”  
“Uhlale enqoleni wena, Joel. Yimina  
engizophusha!” kusho uWendy.




“Ezikhundleni zenu, lungani, gijimani!”  
kumemeza uMalume uHenry, evajizisa ifulege  
lakhe elibomvu.

“On your marks, get set ... go!” Uncle  
Henry shouted, waving his red flag.

“We will do the best we can,” said Joel.  
So Wendy and Joel lined up with the other  
teams at the end of the street.

“Sizokwenza konke esinamandla okukuzama,” kusho uJoel.  
Ngakho uWendy noJoel bama emgqeni namanye  
amaqembu ekupheleni komgwaqo.




“Well done to the winners of the race,” said Uncle Henry.  
“Halala, kwabawine umjaho,” kwasho uMalume uHenry.

“But, wait,” said Uncle Henry, “we  
have a special prize ...”

“Kodwa, lindani kancane,” kwasho uMalume  
uHenry, “Sinomklomelo okhethekile ...”





## Ukwethulwa Kwencwadi Ethi Iingqondi zeQhagqiwa lingqondi zeQhagqiwa Book Launch

Imibhalo yezingane yadalula ukuhlukumezeka iningi lezingane ezazibhekana nakho ekuphileni kwazo kwansuku zonke. Zabhalo ngokungagunci ngezilingo nosizi imindenini yazo eyayibhekana nako nangendlela ezathinteka ngayo. Izindaba zazo zabonisa indlela izingane eziphikelela ngayo ngempela nendlela ezikwazi ngayo ukuchuma nakuba zinezinto ezimbalwa zokusiza.

The children's writing revealed the trauma the majority of the children experienced in their daily lives. They wrote candidly about the trials and tribulations their families experienced and how they were affected. Their stories showed how truly resilient children are and how they are able to thrive on very few resources.



UMnu Clay weVW Community Trust wazizwa enokubonga okukhulu ukubona ababhali abavela ezikoleni zaselokishini laKwaNobuhle.

Mr Clay from VW Community Trust was very grateful to see writers emerging from the township schools of KwaNobuhle.

UMadoda Ndlakuse waqhamuka nomqondo wokubhala incwadi ethi *Iingqondi zeQhagqiwa* wayesehlela futhi waqhuba ama-workshop afundisa abalobi bezincwadi zezingane ikhono lokubhala. Uzakwabo wakwaNal'ibali, uNandipha Kolisile, kanye nabasaqeqeshwa yiNal'ibali, babukeza izindaba nemidwebo futhi bakhetha lezo ezaqokwa ekugcineni ezafakwa kule ncwadi, eyahlelwa nguNdlakuse noMzoli Mavimbela.



Okuvelele ohlelweni kwaba ngenkathi kwamukelwa umthelela izingane ezaba nawo encwadini ethi *Iingqondi zeQhagqiwa*.

Madoda Ndlakuse conceptualised the creation of *Iingqondi zeQhagqiwa* and then organised and conducted creative writing workshops with the child writers. His Nal'ibali colleague, Nandipha Kolisile, and the Nalibali interns reviewed the stories and drawings and selected the final pieces that were included in the book, which was edited by Ndlakuse and Mzoli Mavimbela.

The highlight of the programme was when the children's contribution to the book *Iingqondi zeQhagqiwa* was acknowledged.



Kusukela kwesobunxele ukuya kwesokudla: Xolelwa Mossie, Dimpho Mosala, Nkosinathi Clay, Madoda Ndlakuse, Nandipha Kolisile, Lerato Voetpad noSesona Matiso.

From left to right: Xolelwa Mossie, Dimpho Mosala, Nkosinathi Clay, Madoda Ndlakuse, Nandipha Kolisile, Lerato Voetpad and Sesona Matiso.



"Enkosi kakhulu mntanam, Ndiyayibulela nalanto uyenzayo pha endlini yokusika uncamathisela amaphepha. Ndiyabulela, ndiyazingca ngawe" (Ngiyabonga kakhulu, mntanami. Ngiyakwazisa ngempela lokho ohlale ukwenza ekhaya, njalo uyasika futhi unamathisele amaphepha esithasiselo seNal'ibali. Ngiyabonga. Ngiyaziqhenya kakhulu ngawe.) - Tata ka-Emihle (Mthonjeni Primary School)

"Ndive kamandi kakhulu, ndive kamnandi nokuba ndikwazi ukubhala incwadi." (Ngijabule kakhulu. Ngijabulile impela ngokuthi manje sengiyakwazi ukubhala incwadi.) - Inathi Matebese (Hombakazi Combined Primary School)

"Andinamazwi, ebendingayazi ukuba umntwana wam ngumbhali, ubhala namabali. Ndi proud kakhulu ngawe mntanam." (Ngiphelelwe ngamazwi. Angikaze ngiqaphele ukuthi ingane yami ingumbhali. Ibhala izindaba. Ngiyaziqhenya kakhulu ngawe, mntanami.) - Tata kaLilitha (Phakamile Primary School)

Enkosi kakhulu mntanam, Ndiyayibulela nalanto uyenzayo pha endlini yokusika uncamathisela amaphepha. Ndiyabulela, ndiyazingca ngawe" (Thank you so much, my child. I really appreciate what you always do at home. You always cut and paste papers from the Nal'ibali supplement. Thank you. I am so proud of you.) - Tata ka Emihle (Mthonjeni Primary School)

Ndive kamandi kakhulu, ndive kamnandi nokuba ndikwazi ukubhala incwadi." (I am very excited. I am very happy that I can now write a book.) - Inathi Matebese (Hombakazi Combined Primary School)

Andinamazwi, ebendingayazi ukuba umntwana wam ngumbhali, ubhala namabali. Ndi proud kakhulu ngawe mntanam." (I am speechless. I never realised that my child was a writer. She is writing stories. I am so proud of you, my child.) - Tata ka Lilitha (Phakamile Primary School)

"Kudala ndambona uNceba ukuba uzoba yinto ebomini, esemncinci kakhulu ngoba wayedla ngokubhala indlela aziva ngayo kwi dayari yakhe. uNal'ibali umphe i chance to express herself in writing." (Ngabona kudala kakhulu ukuthi uNceba uyozuza lukhulu ekuphileni. Kusukela esemncane, wayevame ukubhala kudayari aveze imizwa yakhe. INal'ibali imnike ithuba lokuba akhiphe okukuye ngaphakathi ngokukubhala phansi.) - Mama kaNcebazakhe (Melumzi Primary School)

Kudala ndambona uNceba ukuba uzoba yinto ebomini, esemncinci kakhulu ngoba wayedla ngokubhala indlela aziva ngayo kwi dayari yakhe. uNal'ibali umphe i chance to express herself in writing." (I realised long ago that Nceba will achieve much in life. From a young age, she used to write her feelings in a diary. Nal'ibali has given her a chance to express herself in writing.) - Mama ka Ncebazakhe (Melumzi Primary School)



Drive your imagination



## Ichwane ledada elalingayithandi imvula



NguNosicelo Darly Dongwana ■ Imidwebo nguJiggs Snaddon-Wood

Kwasukasukela, kwakunomama wedada owayenamachwane amadada amancane ayisithupha, aphuzi. Ayehlala endlini encane epulazini, kodwa amachwane amadada azalwa phakathi nehlobo elomile, elishisayo. Kwakungekho mvula ayengadlala kuyo kanjalo namachibi ayengaxhapha kuwo amanzi. "Ngifisa ngathi ingana imvula," kusho uMam' uDada emachwaneni akhe. "Akuve kumnandi ukudlala emvuleni. Ngijazi ukuthi nizoyithanda imvula. Wonke amadada ayayithanda imvula!"

Khona-ke, njengoba ihlobo lalishintsha liba yintwasabusika, ekugcineni laqala ukuna! UMam' uDada wavuka lapho ezwa kushaya amathonsi emvula ophahleni. Wabiza amachwane akhe, "Wozani nizobona imvula!" Wayejabule kakhulu futhi wabutha wonke amachwane akhe ngokushesha. Wonke ayeselandela uMam' uDada aphuma aya emvuleni.



Kodwa uthunjana wechwane ledada wabuyela emuva ngokushesha wayongena endlini. "Kwenzani?" kubuza uMam' uDada. "Woza phumela ngaphandle, uzwe imvula emnandi."

"Hhayi, ngiyabonga," kusho uthunjana wechwane ledada. "Angiyithandi imvula. Angiyithandi ukuba manzi, futhi imvula yenza izimpaphe zami eziphuzi zinamathele kimi."

UMam' uDada akakukholwanga ayekuzwa. Wabhakuzisa amaphiko akhe futhi wathi, "Wake wezwa ngedada elingayithandi imvula? Kuzodingeka ngenze isu."

Ekuseni ngakusasa, uMam' uDada wahamba wayokhuluma noMam' uMbuzi uMaMbuzi, owayenesitolo esasithengisa yonke into epulazini. "MaMbuzi, ichwane lami ledada alifuni ukuphumela phandle uma imvula ina. Lithi alithandi ukuba manzi. Wake wezwa ngedada elingayithandi imvula? Kudingeka senze isu!" kusho uMam' uDada.

UMaMbuzi wahleka. "Kungenxa yokuthi liselincane futhi alikaze liyibone imvula ngaphambili," esho. UMaMbuzi wacinga emakhabethe akhe futhi wathola ijazi lemvela elincane, eliluhlaza okwesibhakabhaka. "Thatha lapha," esho kuMam' uDada. "Linike leli jazi lemvela elincane, eliluhlaza okwesibhakabhaka ukuba liligqoke uma imvula iphinda ina." UMam' uDada wabonga uMaMbuzi futhi waya ekhaya nejali lemvela.

Ezinsukwini ezimbalwa kamva, yaphinda yana imvula. UMam' uDada wanika ichwane lakhe ledada ijazi lemvela ukuba liligqoke. "Manje, masiphume futhi siyojabulela imvula," esho.

Wonke amachwane amadada alandela uMam' uDada aphuma aya emvuleni. Kodwa ngemva kwesikhashana, uMam' uDada wabona ukuthi uthunjana wechwane ledada wayengasekho. Wambheka yonke indawo kodwa ekugcineni wamthola ehleli yedwa ngaphakathi endlini. "Kungani uhleli wedwa lapha? Usunalo ijazi lemvela, ngakho phumela phandle futhi uzojabulela imvula," kusho uMam' uDada.

"Hhayi, ngiyabonga," kusho uthunjana wedada. "Angiyithandi imvula. Udaka lwenza izinyawo zami zinamathele."

UMam' uDada wadideka kakhulu. "Wonke amadada ayayithanda imvula," esho. "Awanandaba nokuthi izimpaphe zawo zizoba manzi nokuthi izinyawo zawo zizoba nodaka! Kuzodingeka ngenze isu!"

Ngakusasa ekuseni, uMam' uDada wabuyela kuMaMbuzi eyocela usizo. "MaMbuzi, uthunjana wami wechwane ledada uthi akayithandi imvula ngoba udaka lwenza izinyawo zakhe zinamathele. Yini okufuneka ngiyenze? Kudingeka senze isu."

UMaMbuzi wahleka futhi. "Kungenxa yokuthi usemncane futhi izinyawo zakhe zincane kakhulu," esho. UMaMbuzi wayesecinga emashalofini akhe futhi wathola amabhuzu amancane emvula aluhlaza. "Thatha lapha," esho kuMam' uDada. "Mnike la mabhuzu amancane emvula, aluhlaza ukuba awagqoke lapho imvula ina futhi."

Lapho imvula ina futhi, uMam' uDada wanika uthunjana wakhe wedada ijazi lemvela namabhuzu emvula ukuba akugqoke. "Manje, masiphumele phandle futhi siyojabulela imvula," esho.

Uthunjana wedada wabuyela kakhulu manje. Izimpaphe zakhe zazomile futhi izinyawo zakhe zazingenalo udaka. UMam' uDada wamamatheka futhi wazizwa ekhululeke kakhulu njengoba ayebukela wonke amachwane akhe amadada edlala emvuleni ndawonye.

Lapho imvula ima ukuna futhi kuvela ilanga, kwabonakala uthingo lwenkosazana olukhulu esibhakabhakeni. "Mama, bheka," kusho uthunjana wechwane ledada ekhomba uthingo lwenkosazana. "Yini leyanto emibalabala?"

UMam' uDada namanye amachwane amadada babuka esibhakabhakeni. Amachwane amadada wonke ayemangele njengoba ayebona uthingo lwenkosazana oluhle, olumibalabala.



"Wuthingo lwenkosazana loluya," uMam' uDada emamatheka. "Luphuma lapho imvula iyeka ukuna, futhi kuphuma ilanga. Uma ubhekisisa kahle, uzobona ukuthi lunemibala eyahlukene eyisikhombisa.""

"Awu, ngiluthanda ngempela uthingo lwenkosazana. Lunemibala efana neyejazi lami lemvela, amabhuzu nezimpaphe," kusho uthunjana wakhe wechwane ledada ejabulile. La amanye amachwane amadada abhakuzisa amaphiko awo evumelana naye.

Lapho ilanga lishona futhi uthingo lwenkosazana lunyamalala, uMam' uDada namachwane akhe babuyela ekhaya.

Ngemva kwalolo suku, uthunjana wedada wayesejahe ukuba imvula iphinde ine ukuze abone olunye uthingo lwenkosazana. Empeleni, wayejabule kakhulu ukubona uthingo lwenkosazana, kangangokuba wakhohlwa nya ukugqoka ijazi lakhe lemvela namabhuzu emvula lapho imvula iphinda ina.

Lapho kuvela uthingo lwenkosazana, wathi kuMam' uDada, "Angisenandaba nokuthi izimpaphe zami ziba manzi lapho imvula ina ngoba ngemva kwemvula, ilanga lizophuma bese ngibona into enhle kunazo zonke emhlabeni – uthingo lwenkosazana olumibalabala olusha. Ngiyayithanda imvula, kodwa okubaluleke kakhulu ngiyazithanda izintingo zenkosazana!"

UMam' uDada akeve wabuyela, futhi wakhululeka kakhulu. Manje wonke amachwane akhe amadada ayeyithanda imvula, njengoba nje amadada kufanele abe njalo!

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- Dwebisa isithombe esibonisa into othanda ukuyenza ngosuku olunemvula. Ngaphansi kwesithombe, bhala umusho ochaza lokho okwenzeka esithombeni.
- Bhala uhlu lwezinto ozithandayo ngezinsuku ezinemvula, kanye nohlu lwezinto ongazithandi.

- Ingabe ikhona ingoma oyaziyo emayelana nemvula noma izintingo zenkosazana? Qamba eyakho ingoma noma inkondlo bese uyidlalela umndeni wakini.



Drive your  
imagination



# The duckling who didn't like rain



By Nusicelo Darly Dongwana ■ Illustrations by Jiggs Snaddon-Wood

Once upon a time, there was a mother duck who had six small, yellow ducklings. They lived in a small house on a farm, but the ducklings hatched during a dry, hot summer. There was no rain to play in and no puddles to splash in. "I wish it would rain," Mother Duck said to her ducklings. "It is such fun to play in the rain. I know you will love the rain. All ducks love the rain!"

Then, as summer turned to autumn, it finally started to rain! Mother Duck woke up when she heard the rain tip-tapping on the roof. She called her ducklings, "Come and see the rain!" She was so excited and quickly gathered all the ducklings. Then they all followed Mother Duck out into the rain.



But the smallest duckling quickly went back inside. "What is the matter?" Mother Duck asked. "Come outside and feel the lovely rain."

"No, thank you," said the smallest duckling. "I don't like the rain. I don't like getting wet, and the rain makes my yellow feathers stick to me."

Mother Duck could not believe her ears. She flapped her wings and said, "Have you ever heard of a duck who doesn't like the rain? I will have to make a plan."

The next morning, Mother Duck went to talk to Mother Goat MaMbuzi, who had a shop on the farm that sold everything. "MaMbuzi, my smallest duckling does not want to go out when it rains. She says she doesn't like getting wet. Have you ever heard of a duck who doesn't like the rain? We have to make a plan!" said Mother Duck.

MaMbuzi laughed. "It is because she is still young and has not seen rain before," she said. Then MaMbuzi searched in her cupboards and found a small, blue raincoat. "Here you go," she said to Mother Duck. "Give her this little, blue raincoat to wear when it rains again." Mother Duck thanked MaMbuzi and went home with the raincoat.

A few days later, it rained again. Mother Duck gave her smallest duckling the raincoat to wear. "Now, let's go outside and enjoy the rain," she said.

All the ducklings happily followed Mother Duck outside into the rain. But after a while, Mother Duck noticed that the smallest duckling was no longer with them. She searched everywhere and eventually found her all alone inside the house. "Why are you sitting here all alone? You have a raincoat now, so come outside and enjoy the rain," said Mother Duck.

"No, thank you," said the smallest duckling. "I don't like the rain. The mud sticks to my feet."

Mother Duck was very confused. "All ducks like the rain," she said. "They don't mind when their feathers get wet and their feet get muddy! I will have to make a plan!"


The next morning, Mother Duck went back to MaMbuzi to ask for her help. "MaMbuzi, my smallest duckling says she does not like the rain because the mud sticks to her feet. What am I supposed to do? We have to make a plan."

MaMbuzi laughed again. "It is because she is still young and her feet are very small," she said. Then MaMbuzi searched on her shelves and found a small pair of green rainboots. "Here you go," she said to Mother Duck. "Give her these little, green rainboots to wear when it rains again." Mother Duck thanked MaMbuzi and went home with the boots.

When it rained again, Mother Duck gave her smallest duckling the raincoat and rainboots to wear. "Now, let's go outside and enjoy the rain," she said.

The smallest duckling was much happier now. Her feathers were dry, and her feet weren't muddy. Mother Duck smiled and felt very relieved as she watched all her ducklings play in the rain together.

When the rain stopped and the sun came out, a huge rainbow appeared in the sky. "Look, Mama," said the smallest duckling pointing at the rainbow. "What is that colourful thing?"



Mother Duck and the other ducklings looked up at the sky. The little ducklings were all amazed at the beautiful, colourful ribbon they saw there.

"That is a rainbow," smiled Mother Duck. "It comes out when the rain stops, and the sun comes out. If you look carefully, you will see it has seven different colours."

"Oh, I really love the rainbow. It has the same colours as my raincoat, boots and feathers," said her smallest duckling excitedly. The other five ducklings flapped their wings in agreement.

When the sun went down and the rainbow disappeared, Mother Duck and her ducklings went home.

After that day, the smallest duckling couldn't wait for it to rain again so that she could see another rainbow. In fact, she was so excited to see a rainbow, that she completely forgot to wear her raincoat and rainboots the next time it rained.

When the rainbow appeared, she said to Mother Duck, "I no longer mind if my feathers get wet and my feet get muddy when it rains because after the rain, the sun will come out and then I will see the most beautiful thing in the world – a colourful new rainbow. I love the rain, but most of all I love rainbows!"

Mother Duck could not be happier, nor more relieved. Now all her ducklings loved the rain, just like ducks are supposed to do!

## Get story active!

- Draw a picture showing what you love doing on a rainy day. Under the picture, write a sentence describing what it is about.
- Make a list of what you love about rainy days, and another list of what you don't like.



- Do you know a song about rain or rainbows? Make up your own song or poem and perform it for your family.

# Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

## Nal'ibali fun




**1.** Ungasenza yini isithunzi esifanele sihambelane nalokho okusesithombeni?  
Can you match the correct shadow to the picture?



**2.** Ungawathola yini amagama alaba balingiswa beNal'ibali kulesi siphico samagama?

C	G	O	G	O	M	X	H	I	T
A	D	E	O	O	B	L	G	O	G
A	F	R	I	K	A	M	D	N	S
V	N	O	O	D	L	E	I	A	P
J	K	N	P	Q	I	R	N	S	R
O	T	B	E	L	L	A	T	U	I
S	W	M	Y	Z	A	C	L	E	Y
H	O	P	E	A	G	N	E	O	A

Can you find the names of these Nal'ibali characters in this wordsearch?




**3.** Yiba ngumseshi wamagama futhi uthole lezi zinto endabeni ethi *Ichwane ledada elalingayithandi imvula*.

- a) izinhlobo ezimbili zezilwane: \_\_\_\_\_
- b) izinkathi zonyaka ezimbili: \_\_\_\_\_
- c) imibala emithathu: \_\_\_\_\_
- d) izinombolo ezintathu: \_\_\_\_\_
- e) izinto ezimbili ezisesibhakabhakeni: \_\_\_\_\_

Be a word detective and find these things in the story *The duckling who didn't like rain*.

- a) two kinds of animals: \_\_\_\_\_
- b) two seasons: \_\_\_\_\_
- c) three colours: \_\_\_\_\_
- d) three numbers: \_\_\_\_\_
- e) two things that are in the sky: \_\_\_\_\_



**Answers:** 1. E; 2. B; 3. a) duck, goat; b) summer, autumn; c) yellow, blue, green; d) six, seven, five; e) sun, rainbow  
**Impendulo:** 1. E; 2. B; 3. a) idada, imbuzi; b) ihlobo, imvuso; c) okuphuzi, okuluhlaza okwesibhakabhaka, okuluhlaza; d) okuyisithupha, okuyisikhombisa, okuhlanu; e) ilanga, uhlango lwenkzosana

UNal'ibali ulapha ukukhuthaza nokukusekela. **Sithinte** noma kungeyiphi yalezi zindlela:

Nal'ibali is here to motivate and support you. **Contact us** in any of these ways:



Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Mosekola Solutions. Nal'ibali character illustrations by Rico.



Drive your imagination

